



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## **NATIONAL SENIOR CERTIFICATE**

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

**FEBRUWARI/MASHI 2011**

**AMAMAKI: 70**

**ISIKHATHI: amahora ama-2**

**Leli phepha linamakhasi ayi-10.**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:  

ISIQEPHU A:	Isivivinyo sokuqondisisa	(30)
ISIQEPHU B:	Ukufingqa	(10)
ISIQEPHU C:	Uhlelo nokusetshenziswa kolimi	(30)
2. Abahlolwayo mabafundisise YONKE imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.
3. Mabaphendule YONKE imibuzo ekuleli phepha.
4. Mabaqalise isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese bedwebela umugqa emuva kwaleso siqephu.
5. Mababhale izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe embuzweni.
6. Mabashiye umugqa emuva kombuzo ngamunye.
7. Mababhale ngobunono nangesandla esifundekayo.
8. Mabaqaphele upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA****UMBUZO 1**

- 1.1 Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

Uthi ubuwazi nje ukuthi iNingizimu Afrika iyizwe leshumi nesishiyagalolunye ukusingatha imidlalo yeBhola loMhlaba yamanqamu. Izwe lokuqala kwaba i-Uruguay ngonyaka we-1930. Uyadela owaziyo ukuthi amazwe ayi-13 alandela uhlelo olunjani ukuze afike ekugcineni kwemidlalo. Kungumlando namhlanje ukuthi i-Uruguay yaba yizwe lokuqala ukunqoba le ndebe.

Kuhambe kwahamba kwaba nzima ukuthola leli thuba lokusingatha le midlalo ngoba nesibalo samazwe ambandakanyekayo lapha sesanda saba ngama-32. Lokhu kubanga ingcindezi ngezindlela eziningi ezweni elengamela le midlalo. Ukwemukela abantu abavela kuwo wonke amagumbi omhlaba niyizwe akukhona ukudlala amagende. INingizimu Afrika ikhombise isibindi esikhulu ngokuba ithi iyizwe elisha enhlanganweni yeBhola loMhlaba igagamele ukwenza lo msebenzi. Iphumelela nje bese kuyisiwombe sesibili ifaka isicelo sokuwenza. Isinqumo sokuthi yiliphi izwe elingenza lo msebenzi senziwa Isigungu seBhola loMhlaba, emva kokucwaninga izicelo zalawo mazwe asuke ecabanga ukuthi angawenza lo msebenzi.

Izwe elisingatha le midlalo alijabuleli ukubukela imidlalo bukhoma kuphela, kodwa kuba khona nezinye izinto eziningi ezisiza ukuba lelo zwe lisimame. Abantu bakuleli bazohlomula ngezindlela eziningi ezahlukene ngale midlalo. Umphumela walokhu kuzokuba ukwenyuka kwezinga lokuphila kwabantu bakuleli. Lokhu akusho ukuthi kuyosa ngakusasa sebephila impilo yezinga eliphakeme. Amazinga abantu empilo ahlukene. Lokhu kusho ukuthi umuntu nomuntu uyothi xaxa esuka kulelo akade ekulo. Sikhumbule ukuthi abanye kuyobe kuwukuxosha ikati eziko kwangempela. Labo abazama ukuthatha igxathu elikhulu kungenzeka bazithole sebenezinkinga. Kuvamise ukudala izinkinga ukweqa izitebhisi uma uhamba.

Kuqale ngokuba abantu bathole imisebenzi ngenkathi kwakhiwa izinkundla, imigwaqo, amahhotela nokunye. Ukusebenza kwabantu abaningi ezweni kusimamisa umnotho wezwe. Abanye banikela ngemizi yabo ukuba isetshenziswe izivakashi. Ukwenza lokhu kudingeka ukuba ubhalise ngokusemthethweni ngoba phela izivakashi lezi akuzona ezakho. Kusobala ukuthi kunesidingo sokulungisa umuzi ube sesimweni. Kukhunjulwe-ke njalo ukuthi akuxebulwa umkhomo lapha, kodwa kuyasizwana. Empeleni kufanele unganyeli isihlahla. Phela uma uke wenze njalo, kuthi mhla likhipha inhlanzi emanzini ungayitholi indawo yokucashela ikhoza lelanga. Kwake kwezwakala ukuthi nezindawo ezisemthethweni, zokuhlalisa izivakashi, amahhotela phela, zikhuphula imali ngoba kuzoba nale midlalo. Bayakhohlwa abanye ukuthi leli njengoba selakhululeka nje, seliyilungu lamazwe omhlaba eligcwele. Konke okwenzeka kuleli kusobala wena owabona ezesele.

Amazwe akhele elaseNingizimu Afrika nawo abheke le midlalo ngabomvu. Ubukhelwane buhle ngalokho ngoba uma kukikizwa kwamakhelwane kuba kuhle nakwabanye. Izivakashi ezingabalandeli bebhola azigcini ngokubukela ibhola kuphela, kodwa zithanda nokubona izindawo, ikakhulukazi lapha e-Afrika. Izindawo ezinezigigaba ezithile ezehlakala kuzo nabantu abathile abavelele ngezinto ezithile ziba inomfi kubantu ikakhulukazi kwabaphesheya. Imikhuba namasiko kwama-Afrika kubahlaba umxhwele abantu bangaphesheya. Kukhona nezindawo ezinjengempophoma yase-Victoria eseZimbabwe ekhethekile emhlabeni jikelele. Ubani ongethanda ukuyibona uma esesondele kangaka kuyo?

Ngalesi sikhathi semidlalo yebhola loMhlaba kuhlomula ngisho namayengandoda (abadayisa ngomzimba). Izwe elikhululekile njengeNingizimu Afrika linemithetho ehambelana nomthethosisekelo walo. Leli vele linabo abantu abasebenza lo msebenzi obukeka ongemukeleki kubantu abanengi. Nokho leli lizwe lisabavumela ukuba bawuqhube lo msebenzi. Ngalesi sikhathi semidlalo kusuka nawakwamanye amazwe azokwenza umsebenzi wawo ngoba azi ukuthi idubukele kulelo zwe elisingatha imidlalo. Uyadela owaziyo ukuthi laba bokuhamba bawagoba kuphi bona amadlangala emini ngoba umsebenzi wabo ungowasebusuku. Amayengandoda akuleli azama ukuwavimba awokuhamba ukuba azowancintisela.

Okubalulekile kunakho konke ukuthi kuliqiniso elingephikiswe ukuthi umehluko uyabonakala empilweni yabantu balelo zwe emva kwale midlalo. Umphumela uba mubi noma ube muhle kuye ngomuntu nomuntu ngoba kakade uzikhethela yena umuntu ukuthi ufuna ukuya kuphi.

- 1.1.1 Ngabe lesi siqeshana simayelana nani? Phendula ngomusho OWODWA. (2)
- 1.1.2 Ngabe yini okudida umbhali walesi siqeshana ngemidlalo yangonyaka we-1930? (2)
- 1.1.3 Yini esibangele kwabanzima emazweni ukuthola ithuba lokusingatha le midlalo yeBhola loMhlaba? (2)
- 1.1.4 Chaza ukuthi umbhali uqondeni ngale nkulumo ubhekise egameni elithi xaxa:  
Izinga lomuntu nomuntu liyothi xaxa. (2)
- 1.1.5 Yini umbhali azama ukuyigqamisa lapha uma esebenzisa isimo sokukhuluma esithi:  
akukhona ukudlala amagende? (2)
- 1.1.6 Caphuna amagama aqonde ukuthi:  
Ubomphatha kahle umuntu ngoba ngelinye ilanga uyodinga usizo

Iwakhe.

(1)

- 1.1.7 Bhala igama eleqiwe kula mazwi angezansi ubuye unikeze isizathu ocabanga ukuthi yisona esenze ukuba umbhali eqe leli gama.

Wena owabona ezesele.

(2)

- 1.1.8 Ukusetshenziswa kwegama 'ekhethekile' kuchaza iZimbabwe njengezwe elinjani?

(1)

- 1.1.9 Ngabe KULIQINISO noma NGUMBONO ukuthi ukusebenza kwabantu abaningi ezweni kusimamisa umnotho? Sekela impendulo yakho.

(2)

- 1.1.10 Nikeza izinhlobo zemisebenzi EZIMBILI ezivelile kuleli ngokuthi lisingathe imidlalo yeBhola yeNdebe yoMhlaba.

(2)

- 1.2 Bukisisa lo mdwebo olandelayo bese uphendula imibuzo engezansi.



- 1.2.1 Ngokucabanga kwakho yini okubangela ukuthi lo baba onika umfana ukhiye akhombise ukungabaza ukwenza lokho? Nikeza kube KUBILI.

(2)

- 1.2.2 Humusha okushiwo yilezi zikhathi ngokwalaba bantu abasesithombeni:

(a) 02:00

(2)

(b) 22:00

(2)

- 1.2.3 Ngabe UYAVUMELANA noma UYAPHIKISANA nokuthi lo baba uyilolu hlobo lukababa ozithandayo? Sekela impendulo yakho

NGOKUBILI.

(3)

- |       |   |     |
|-------|---|-----|
| 1.2.4 | Ngokwesintu lo mfana akakhombisi ukuhlonipha uyise. Fakazela lokhu ngokwenzeka kulesi sithombe. | (2) |
| 1.2.5 | Nikeza isizathu esingenza ukuthi lo baba anikeze umfana isikhiye semoto.                        | (1) |

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA****UMBUZO 2**

Fundisisa lesi siqeshana bese usifingqa ngamagama aphakathi kwangama-60 kuya kwangama-70. Impendulo mayibe yisigaba/yizigaba.

**IZINTO OKUMELE UZIQIKELELE UMA UNEMISEBENZI EMIBILI**

Ngaphambi kokuqala omunye umsebenzi wesibili yazisa umqashi wakho walapho uvele usebenza khona. Chaza isimo noma imbangela kumqashi wakho ekwenze wafuna lo msebenzi. Qiniseka ukuthi umqashi wakho ukunika imvume ebhalwe phansi ukuba uwuqale lo msebenzi omusha, kungenjalo ungabhekana nokuqondiswa kwezigwegwe uma uhamba ungavunyelwanga.

Ungenzi umsebenzi oncintisana nowomqashi wakho. Thola umsebenzi ohlukile kunalona owenzayo. Lokho kuyokwenza umqashi wakho akukhulule ngenhliziyo enhle futhi awujabulele nalo msebenzi wakho omusha.

Qikelela ukuba ungenzi imisebenzi yomqashi wakho wesibili emsebenzini wakho wokuqala ngisho nezinto ezincane imbala. Kubalulekile ukuthi uma usemsebenzini uzinikele ngakho konke. Akumele uthi wenza lo msebenzi ube ucabanga omunye. Lokho kungenza ukuthi kugcine sekukhona ukungaboni ngaso linye phakathi kwakho nabaqashi bakho. Lokho futhi kungakuholela ekutheni ugcine sewulahlekelwa yiyo le misebenzi.

Hlela izinto zakho ngendlela enokucophelela. Zinike isikhathi esanele sokusuka komunye umsebenzi uye komunye. Qikelela ukuthi kukhona ongakwenza uma kuvela okuthile emsebenzini wakho wokuqala uma kudingeka usebenze isikhathi eseqile. Lokho kusho ukuthi umsebenzi wokuqala nalona wesibili mayinikezelane isikhathi esanele maphakathi nayo.

Akuhlakaniphile ukwemukela umsebenzi wesibili ngenxa yokuthi nje ufuna imali ezokwelekelela ukubhekana nezinkinga zemali. Umsebenzi wesibili makube umsebenzi nawo owuthandayo futhi makube unalo ikhono lawo. Lokho kuzokwenza kubelula kuwena ukuyenza yomibili le misebenzi. Kubaluleke kakhulu lokhu.

Uma wenza imisebenzi emibili, kungenzeka uzithole ususebenza ngaphezulu kwamahora asemthethweni. Ekugcineni ungazithola usungumuntu ohlala ekhathele kakhulu. Qikelela ukuthi lokhu akwenzeki ngoba kungabeka impilo yakho engcupheni kanye nomsebenzi wakho wokuqala ngokungahlangabezani nezimfuneko zawo. Uma wehluleka ukubhekana nesimo, phuza iziqinisamzimba futhi unciphise inani lokusebenza ngokwengeziwe emsebenzini wesibili, ukuze umzimba wakho uhlale ukulungele ukusebenza ngaso sonke isikhathi.

Umsebenzi wesibili uzokuncisha isikhathi sokuba nabangani kanye nomndeni wakho. Ngakho bazise ngesizathu esikwenze wafuna lo msebenzi wesibili nanokuthi uzokwenza kanjani ukuba ube nesikhathi esanele nabo. Zama ukuthola isikhathi sokuphumula nokuxoxa nabantu obathandayo ngezimpelasonto ukuze ubudlelwano bungalimali.

Ungehlisi isithunzi sakho ngenxa yokuthi udinga imali. Umsebenzi wesibili owenzayo makube umsebenzi osezingeni elifanayo nalona wokuqala. Umsebenzi ozokwehlisa isithunzi ungenza ukuthi igama lakho lihuduleke phansi okukanye ugcine usuxoshwa kwakuwo lona wokuqala owusebenzayo.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10****ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI****UMBUZO 3**

Fundisisa lesi sichazamazwi bese uphendula imibuzo ezolandela.

Ukuhlala (sz) [-is; -isis; -ek; -an; -el; -w]

1. ukubeka izinqe kokuthile uzinze. *Hlala kulelo bhentshi.*
2. ukulala nokuvuka endlini noma endaweni imihla namalanga. *Ngamgcina ehlala kwaSomopho.*
3. ukukhuluma kabi ngomunye umuntu kwabaphethe noma kwabadala; ukuceba; ukumpimpa. *Uye wamhleba kuyise.*
4. **Umahlala udla ukuhlala kwakhe.** (sg) – Umuntu oyivila akulula ukuthi akwazi ukuzisiza. **Ukuhlala phezu kwezikhali (ssh)** – Ukuhloma ulindele ukulwa. **Ukuhlala phezu kwemali (ssh)** – ukuba yiqongqela nemali uyigodle. **Ukungahlalwa mpukane (ssh)** – Ukuba yinono. **Ukuhlala ngegonondo (ssh)** – Ukuhlala ngezinqe.

- 3.1 Sebenzisa isijobelelo esisodwa esikulesi sichazamazwi egameni elidwetschelwe ukuze umusho olandelayo unike umqondo.  
Udadewethu ugcine ebonile ukuthi kuyahlala emendweni. (2)
- 3.2 Sebenzisa isisho esithi 'ukungahlalwa mpukane' emshweni ozakhele wona sinike umqondo ofanayo nalona osesichazamazwini. (2)
- 3.3 Nikeza esinye isaga esinencazelo efanayo nalena esesichazamazwini kunombolo ye-4 ngenhla bese usisebenzisa emushweni. (2)
- 3.4 Lungisa ukulandelana **kwemisindo** edwetschelwe emshweni ongezansi:  
Umama uyakuazi ukuhlala phezu kwaimali ngisho sekuhlushekwe kanjani. (2)
- [8]**

**UMBUZO 4**

Funda lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

Baqinisile abantu uma bethi impilo ifana nesondo lona elijikajikayo. Uma uhlukumeza abanye abantu usuke ungasacabangi ukuthi ngelinye ilanga uyosizwa yibo laba Bantu. Umabhalane owayengadeleli eqhuba intwala ngewisa kudala, ngibone esizwa ngabantu engicabanga ukuthi babengamazi emholweni wempesheni yezalukazi. Bamsondeza emshinini wokuhola, nakhu phela sekumfikele naye ukuguga.

- 4.1 Kulo musho omagatshagatsha olandelayo:  
Izalukazi ezihola impesheni zondla abazukulu.  
Khipha lokhu:  
4.1.1 Umusho omkhulu. (2)



4.1.2 Umshwana ochazayo. (2)

4.2 Bhala umsebenzi wamagama adwetshelwe akulo musho olandelayo osuselwe esiqeshini.

Uma uhlukumeza abanye abantu usuke ungacabangi ukuthi ngelinye ilanga uyosizwa yibo laba bantu. (2)

4.3 Guqula igama 'izalukazi' elisesiqeshini libe ubulili besilisa. Phinda ulisebenzise emshweni seliguquliwe. (2)

4.4 Nikeza umsebenzi wezakhi ezidwetshelwe ezitholakala emshweni osesiqeshini esingenhla. (3)  
[11]

### UMBUZO 5

5.1 Fundisisa lesi siqeshana bese usebenzisa igama elilodwa ukumela ibinza elidwetshelwe. Phinda usibhale isiqeshana.

Abantwana besikole bayathanda ukuhamba ndawonye babe baningi uma sebephuma esikoleni. Kusuke kuyindlela yokuzivikela kulaba bantu ababaphuca imali ngendluzula.

(3)

5.2 Fundisisa lesi siqeshana bese ukhipha la mazwi ashiwo ngezansi.

Inhlangano yami eyisikhondlakhondla isisize abafundi abanengi ngemifundaze. Uma abafundi sebefunde baphothula kuba lula ukuthi bathole imisebenzi abayifunde. Sizwe sikaPhunga noMageba yibani amalungu agcwele ale nhlangano ukuze nisizakale.

5.2.1 Incazelo eqondile yegama elidwetshelwe. (1)

5.2.2 Amazwi akhombisa ukuncenga. (1)

5.2.3 Amazwi anokuchema. (1)

## 5.3 Fundisisa lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo ezolandela.

<b>SUSA AMABALA EBUSWENI NGESONTO ELILODWA VO!</b>		
Kusukela ku-R20,00 MANJE U-R15,00	Kusukela ku-R35,00 MANJE U-R20,00	Kusukela ku-R25,00 MANJE U-R10,00
<div style="border: 1px solid black; width: 50px; margin: 0 auto; text-align: center; line-height: 20px;">1</div> <div style="border: 1px solid black; width: 150px; height: 100px; margin: 10px auto; position: relative;"> <div style="position: absolute; top: 5px; left: 5px; background: white; padding: 2px 10px;">GEZA UBUSO</div> </div>	<div style="border: 1px solid black; width: 50px; margin: 0 auto; text-align: center; line-height: 20px;">2</div> <div style="border: 1px solid black; width: 150px; height: 100px; margin: 10px auto; position: relative;"> <div style="position: absolute; top: 5px; left: 5px; background: white; padding: 2px 10px;">HLIKIHLA NGOVOLO</div> </div>	<div style="border: 1px solid black; width: 50px; margin: 0 auto; text-align: center; line-height: 20px;">3</div> <div style="border: 1px solid black; width: 150px; height: 100px; margin: 10px auto; position: relative;"> <div style="position: absolute; top: 5px; left: 5px; background: white; padding: 2px 10px;">GCOBA UBUSO</div> </div>
<div style="border: 1px solid black; padding: 5px;">           * Uthambisa isikhumba esizwelayo.            * Uvula izimbobo ebusweni.         </div>	<div style="border: 1px solid black; padding: 5px;">           * <b>Ukhuculula ukungcola.</b>            * <b>Ususa amabala ngokushesha.</b>            * <b>Ususa izinduna.</b> </div>	<div style="border: 1px solid black; padding: 5px;">           * Ubuso busala bubushelelezi.            * Ubuso buhlala buvikelekile isikhathi eside.         </div>

- 5.3.1 Kulesi sihloko esikulesi sikhangisi, tomula okuwulimi olukhohlisayo. (1)
- 5.3.2 Kungani amanani alezi zikhangisi ebhalwe ngamagama amakhulu? (2)
- 5.3.3 Kungani imisebenzi yesikhangisi sesi-2 ibhalwe ngefonti egqamile? (2)
- [11]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 30**  
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**